

Transcription of Ubhejane video by Folio Translations received 30.01.08

Seller: Ubuso bakho buyafaneleka nje. Uyaqala? [Laughter.] Now get the stuff. Get the...

[Inaudible] Sengiyaphinda manje. Oh, uyaqala? Ehe! Uma uqale-ke uthola o-2 litre abawu-two. Lo onesivalo esimhlophe u-booster amashosha omzimba, lo onesivalo esi-blue ulwa negciwane noma ulwa nesifo osuke unaso. So njengoba uyothola yoyi-two nje awuphuza ngosulu olulodwa, uyayintshinanisa ngezinsuku. Uzoqala ngalo o-booster amasosha, i-half ye-glass kathathu ngosuku. Ngakusasa uze ngala ku-blue, half we-glass kathathu ngosuku. Uzolokhu uwuntshintshanisa-ke ngezinsuku. Uwugcine-ke efrijini. Uma uwukhipha efrijini, uyofudumeza lowo half we-glass ozobe uyiphuza ngaleso sikhathi. Njalo uma uphuza ufudumeze ube warm.

Ok, le treatment-ke i-treatment ka-two weeks eyokuqala. Uma usubuya ngeke usawuthola u-white, uyobe usuqhubeka no-blue ngoba sisuke silwa nesifo noma silwa negciwane emzimbeni kuwena. U-blue uwuphuza kuze kuphele four months usebenzisa u-blue. After four months uyakwazi ukuyo-check(a) kudokotela u-check(a) isifo lesobunaso ukuthi sisekhona noma asisekho.

Customer: Sorry, ngicela ukubuza sisi ngoba mina [Interruptions.]& [Inaudible.]& ngicela ukubuza ukuthi njengoba ngi-positive so besengilayelwe ukuthi ngithole ama-ARVs esibhedlela so mhlawumbe ngisengaqhubeka ngiwathathe noma kanjani?

Seller: Ok, i-treatment le yama-ARVs sike sicele ukuthi ungayihlanganise-ke nobhejane [Cellular rings]. Uma usuqale ubhejane, siye sicele ukuthi usebenzise ubhejane. Ubhajane uyawuphuza not for impilo yakho yonke, uphuzela ukuthi u-treat(e) isifo. Ubhejane uma u-treat(a) isifo uzowuphuza, umakuphela isifo ube usuwuyeka ungabe usaqhubeka nawo. Uma kuwukuthi ubuwuqalile umkhakah wama-ARVs, sizocela kube kuwena uzi-decide(le) wena. Uma ufisa ukuwayeka ama-ARVs, ungakwazi futhi ukubuya uzosebenzisa ubhejane.

Customer: Yebo. So, kusho ukuthi uma ngingenayo imali yokuwuthenga, ayikho ingozi mhlawumbe uma usungiphelele?

Seller: Ungaphela ubhejane. Uma ukuphelela, ake sithi mhlawumbe ukuphelela isonto

elilodwa noma amasonto amabili, ayikho inkinga. Awudali sifo, welapha isifo.

Kuleso

sikhathi osamile kusona, kufanele wenze ukuthi ugcine uwutholile. Uma kuwukuthi usuyawusebenzisa ubhejane, kukhona izinto okufanele uzigcine ungazenzi. Sebenzisa ubhejane bese uya-condomis(a), sebenzisa ubhejane nophathina wakho awusebenzise nikwazi ukuthi nizi-treat(e) nobabili ni-treat(e) lesi sifo eninaso. Futhi uma ngabe-ke usebenzisa ubhejane, sicela ungaphuzi, ungabhemi. [Interruptions.] [Laughter.]

[Talking
off the mike.]

Male voice: That s it! [Talking off the mike continues.]

Zeblon Gwala: Mina igama lami ngiwu-Zeblon Gwala. Ngokuzalwa ngizalelwe eNdwedwe, eMaphephethini. Ngokuhlala-ke sengila e-Pinetown manje. Ngikhulele khona la e-Pinetown. Ngokusebenza-ke bengishayela ama-truck, i-long distance ngi-travel(a) nje la e-Africa ngisebenza kwi-FTX e-Johannesburg, e-Selby. Eh& kwahamba-ke kuqhubeka-ke ngi-driv(a) ama-truck ngilo ngiphupha-ke umuthi ngamunye, ngamunye, ngamunye ngibhale phansi. Ngiifike nasekhaya nginike unkosikazi wami ngithi akabhale abhale. Ngibhala umuthi engingawazi ukuthi uyogcina kuwumuthi wami. Umkhulu wami wayeyinyanga ubaba kababa wami. Washona-ke. Mina bengingeyona inyanga ngaleso sikhathi. Bengilo ngiphupha-ke umuthi lo ngiphupha umuthi. Kuthe usuphelele-ke lo muthi wayesengitshela ukuthi angiwenzeni lomuthi ngiwupheke, uvuthwe, ngiwuhlanganise kanje-kanje. Ngakwenza-ke lokho angitshela khona.

As far as I know, I can t talk very well about ARVs ngoba mina ama-ARVs angiwazi ukuthi aqhamukaphi and uBhejane abantu bayawazi ukuthi uqhamuka kuGwala. Banama-phoe numbers kaGwala. Bafona direct ku-founder kaBhejane. Ama-ARVs asiwazi ukuthi aqhamukaphi. Angikhumbuli ama-patient ekwazi ukufona direct kumama-manufacturers ama-ARVs abuze, a-complain(e) ukuthi manje isibindi sami sesikhukhumela, izinso zami zezibuhlungu whatever, whatever. Manje ngeke ngikwazi uku-comment(a) kakhulu ngama-ARVs. Kodwa what I know awami ama-patient awawuhlanganisi uBhejane nama-ARVs ngoba asikho i-study okwakwe kwa-monit(wa) la babantu bedlame le combination ama-ARVs noBhejane. Ngiye ngithi umuntu akekhethe adle ama-ARVs angawudli uBhejane, adle uBhejane ongakawadli ama-ARVs. Ngaleyona ndlela-ke angiboni ukuthi kukhona-ke la kufanele kushayisane khona.

Although-ke lokho ngingeke ngiku-guarante 100% ngoba phela abantu angiba-treat(eli)

la yindlini. Umuntu ngimnika uBhejane agoduke nawo ekhaya oyodla uBhejane kanti mhlawumbe lo muntu udla uBhejane ama-ARVs. Ngisuke ngingekho lapho ngoba usuke

ewudlela ekhaya lakhe kodwa-ke what I m tell you mina la kimina please ama-ARVs awangahlangani noBhejane.